| Ingxenye | Ukwabiwa kwamamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|
| Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bazo | 30 | |
| Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-aljibhra | 7 | |
| Indawo nezimo | 9 | |
| Isilinganiso | 10 | |
| Ukuqokelelwa kolwazi | 4 | |
| ISAMBA | 60 + 10 Oral & Practical | |

## Imiyalelo

### Kumfundisi:

**Qaphela lokhu okulandelayo:**

1. Qaphela: Irubhrikhi yokukhulunywayo nokwenziwayo ikumemorandamu.
2. Isivivinyo sizobhalwa ngezinsuku ezahlukene, hhayi ngosuku olulodwa.

### Kumfundi:

1. Fundisisa yonke imiyalelo emibuzweni.
2. Qaphelisisa ukuthi imibuzo yonke ifunani ngaphambi kokuba uphendule.
3. Phendula yonke imibuzo kuzikhala ozishiyelwe, kuleliphepha.
4. Balisisa ngaphambi kokuba ubhale impendulo.
5. Sebenzela, ubalele kuleliphepha hhayi kwelinye iphepha.
6. Ukusetshenziswa komshini wokubala akuvunyelwe.

**Siyaziqhenya ngani bafundi**
**Niyisibane sezwe**
**Phambili zingane zama Afrikha**

## 1. Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bazo

**Yingeleza uhlamvu olunempendulo efanele ukusukela kumbuzo 1.1 ukuya ku 1.6**

1.1 Inombolo enkulu kunazo zonke phakathi kwama 564 kanye nama 664 yi...

A. 574
B. 547
C. 674
D. 647

1.2 Imivo engama 430 _____ 430

A. <
B. >
C. =
D. +

1.3 5 X 4 = ____________

A. 4+4+4+4+4
B. 5+4+5+4
C. 5+4+4+4+4
D. 5+5+5+5

1.4 Ama 24 nguhhafu wama

A. 44 + 2
B. 44 + 3
C. 44 +4
D. 44 + 1

1.5 Hlanganisa ama 25 namakhulu amahlanu namashumi amabili nanhlanu.

A. Amakhulu amahlanu namashumi amahlanu nanhlanu
B. Amakhulu amahlanu namashumi amahlanu
C. Amakhulu amahlanu namashumi ayisikhombisa nanhlanu
D. Amakhulu ayisithupha

1.6 Kumele sisuse okungakanani kuma 580 ukuze sithole ama 560?

A. 50
B. 40
C. 30
D. 20

1.7 Amakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha nesishiyagalolunye ngezinombolo ngama ______________

1.8 Ama 549 abhalwa kanjena ngamagama

________________________________________________________

1.9 Inani lenombolo

a) Hlakaza igama lenombolo kube ngamakhulu, amashumi nemivo.

Isibonelo: Amakhulu amathathu namashumi ayisikhombisa nane

= <u>300 + 70 + 4</u>

Amakhulu ayisikhombisa namashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu

= ____________ + ____________ + ____________


b) Buka izinombolo ebese ulandela imiyalelo elandelayo

652 526 625


i) Dweba isiyingi sizungeze inombolo emele ama 500
ii) Dweba isikwele sizungeze inombolo emele u 5
iii) Dweba unxantathu sizungeze inombolo emele ama 50

1.10 Bala usebenzisa umugqa wezinombolo

a) 460 + 50 = __________




b) 575 - 50 = __________




1.11 Bala usebenzisa indlela yokuhlakaza izinombolo zesibili

| | |
|---|---|
| 251 + 124 = ________ | 589 - 467 = ________ |

1.12 Xazulula izinkinga

Dweba ubhale nemisho yezinombolo.

a) UNelisiwe upaka amamafini angama 66 emaphaketheni ayi 6

Unamaphakethe amangaki uNelisiwe?

| |
|---|
| |

_________ = _________

UNelisiwe unamaphakethe a _____________

b) UGogo upha uKiki ama R12

UKiki ufuna ukugcina ingxenye yesithathu yemali.

Yimalini okumele igcinwe uKiki?

| |
|---|
| |

Oku _________ kwama R12 = R_________

noma _________ ÷ _________ = R_________

Kumele onge ama R_________

1.13 Imali

a) Abafundi bebanga lesi 2 baqoqe isamba esingama R446
Abafundi bebanga lesi 3 baqoqe isamba esingama R729
Ingaphezulu ngamalini imali eqoqwe abafundi bebanga 3 kunaleyo Eqoqwe abafundi bebanga lesi 2?

Abafundi bebanga lesi 3 baqoqe R________________ ngaphezulu.

b) Amapentshisi abiza ama R8 ikhilogremu ngalinye.
Uma nginama R32, mangaki amakhilogremu engingawathenga?

Ngingathenga amakhilogremu ____________

## 2. Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-aljibhra

### 2.1 Amaphethini ejiyomethri

Nweba amaphethini

a) ◊ ◊◊ ◊◊◊ ______________________________

b) ◎◎◎◎◎ ◎◎◎◎ ________ ________ ________

c) ← → → ↓
sokunxele sokudla sokudla phansi ________ ________ ________ ________

d) Yenza eyakho iphethini usebenzise izimo ezahlukene.

### 2.2 Amaphethini ezinombolo

a) Faka izinombolo ezingekho

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| 550 | 575 | | 625 | 650 | | 700 |


b) Qedela amaphethini ezinombolo


| | | | |
|---|---|---|---|
| 9 x 4 = ______ | 10 x 4 = ______ | 11 x 4 = ______ | 12 x 4 = ______ |
| 96 - 10 = ______ | 86 - 10 = ______ | 76 - 10 = ______ | 66 - 10 = ______ |

Inani ___ / 7

## 3. Indawo nezimo

3.1 Yingeleza igama elifanele lezimo ezilandelayo ezingonhlangothimbili 2D.







Ihekzagoni / ipentagoni

Ihekzagoni / ipentagoni


3.2 Bhala igama lo 3D ufake nombala ko 2D abahambisana nobuso bo 3D




_______________________



3.3 Buka izithombe ebese ubhala igama lo 3D obabonayo







_______________________







_______________________

## 4. Isilinganiso

a) Sikhathi sini? Bhala isikhathi ngamagama

| | | | |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |
| | | | |

b) Dweba izinti ukhombise izikhathi ze-analogi

| | | | |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |
| 09:15 | 8:40 | 07:10 | 14:45 |

**c) Ubude**

Hlela lamabanga alandelayo ukusukela kwelifushane ukuya kwelide kakhulu.

25km, 25cm, 25m, 25mm

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |

**d) Isikhathi esidlulile**

Bala isikhathi esidlule.

Uthisha wakho usuke ekhaya ngehora lesi 7 ngqo ekhanda.

Ufike esikoleni emizuzwini eyishumi nanhlanu ngaphambi kwe hora lesi 8


Kumthathe isikhathi esingakanani ukuba afike esikoleni?

________________________

**Inani** /10

## 5. Ukuqokelelwa kolwazi

Buka igrafu yezithombe engezansi ebese uphendula imibuzo elandelayo.

| Okuthelwe ngaphezu kwama-pizza okuyintandokazi | |
|---|---|
| Ushizi |  |
| Amamashurumi |  |
| Amasoseji |  |
| Amaphepheroni |  |
| Ukhiye  = 5 amapizza | |

5.1 Qedela ithali thebula engezansi ukubonisa ulwazi olungenhla

| Okuphezu kwepizza | Amathali | Inani |
|---|---|---|
| Ushizi | 卌 卌 卌 卌 卌 | 25 |
| Amamashurumi | | |
| Amasoseji | | |
| Amaphepheroni | | |

5.2. Phendula imibuzo

a) Zingaki izigcezu ezifakwe ushizi namasoseji sezizonke?

____________________

b) Uyini umehluko phakathi kwenombolo yokufakwe amaphepheroni kanye namamashurumi? ______________________

c) Bala lonke inani lezingcezu zama-pizza

________________________________________________

